**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI UMNUZ WILLIES MCHUNU ENGQUNGQUTHELENI YEMBONI YAMATEKISI NGOLWESIBILI MHLAKA 04 SEPTEMBER 2012.**

Mphathi wohlelo;

Mhlonishwa Ndunankulu uDkt Zweli Zweli Mkhize;

UmQondisi wesifundazwe uMnuz Ngidi;

AmaLungu esiShayamthetho;

IMeya yeTheku uKhansela James Nxumalo;

IziMeya namakhansela akhona;

Amakhosi akhona;

Ubuholi bemboni yamatekisi;

Bonke abanikazi bamatekisi;

Izinhlaka zomphakathi ezahlukene;

Izinhlaka zokugcinwa komthetho;

Izithunywa ezahlukene;

Abezindaba;

Bafowethu nodadewethu

.

Masinibonge kakhulu ngokuphumelela kwenu ukuzohlanganyela nathi kulo mhlangano esiwuthatha njengobaluleke kakhulu. Kuyasijabulisa ukuthi sibe nale mbizo njengoba kuhloswe ngayo ukuba sabelane ngemibono sizame ukuqhamuka nezixazululo ezinkingeni ezibhekene nabantu bakithi kulo mkhakha wezokuthuthwa komphakathi.

Kuyinto eyaziwayo manje ukuthi uHulumeni waKwaZulu-Natal uhlale uzibophezele ekuxhumaneni nasekuxoxisaneni nazo zonke izinhlaka osebenzisana nazo ukuze ngokuhlanganyela kuqhanyukwe namasu okubhekana nezinselelo abantu bakithi ababhekene nazo, ikakhulu kwezokuthuthwa komphakathi esihlangene ngako namhlanje.

Bafowethu nodadewethu, ukubizwa kwalo mhlangano kuyingxenye yemizamo eqhubekayo kahulumeni wesifundazwe yokuqinisekisa ukuthi kuba khona ukuthula kanye nokuzinza embonini yamatekisi.

IKhabhinethi yaKwaZulu-Natali yanquma ngoJulayi walo nyaka ukuthi kubizwe imbizo ngokushesha kulandela ukubulawa kwabantu abangaphezu kuka-20 ezehlakalweni ezihlobene nodlame lwamatekisi kulesi fundazwe kulo nyaka kuphela.

Kungakho-ke sizimisele ukuthi sithi siphuma kulo mhlangano sibe sesiqhamuke nezixazululo ezizothela izithelo nezizosisebenzela sonke, kuhlanganisa abagibeli okuyibona ababa yizisulu zalolu dlame kanye nokungqubuzana.

Ngaphambi kokuba ngivule le nkundla yokubonisana, ngizoqale ngithinte ezinye zezinto ezihlonzwe nguhulumeni wesifundazwe njengeziholela ekungabonini ngaso linye kwezokuthuthwa komphakathi.

Enye yezinto ezisikhathazayo kule mboni yamatekisi indlela izinhlaka zososeshini abahlukene ezisuke zikhethiwe, ezijika ziziphathele umthetho, zigcina zingasabiki lutho kwabazikhethile. Yize kubonakala sekwazeka kahle ukuthi ososeshini kudingeka babe nemithethosisekelo, kusabonakala ungasebenziseki kahle njengethuluzi lokulekelela ekuphathweni ngendlela kososeshini.

Abanye ososeshini bamatekisi banemithetho-sisekelo engacacisi kahle ngamandla kumbe kube ngamandla angenamkhawulo anikezwa abantu abathile. Abanye abanawo kwasawona umthetho-sisekelo, okuholela ekutheni ukusebenza kwalowo soseshini uhlala ulawulwa yilabo abanamandla noma abasatshwayo.

Indaba yokubika ngokusebenza kwezimali ayiphathwa kososeshini abaningi, okuyinto eletha ukukhathazeka okukhulu embonini esebenza ngokheshi futhi ehlale iba nemibango, esikhathini esiningi okusetshenziswayo kuyona izikhali eziyingozi.

Ukuqoqwa kwezimali njalo kososeshini abaningi kuvame ukuqondana nezigameko zodlame kanti akukaze kungachazwa ngokusebenza kwalezi zimali. Kuyinto ephambene nomthetho ukungabi nalo uhlelo lokunakekelwa kwezimali nemininingwane echaza ngenzuzo nemali esebenzile enkampanini.

Lokhu kukhuthaza izenzo zokukhwabanisa kubuye kulimaze inhloso nomgomo inkampani eyakhelwe yona.

Kuyiqiniso ukuthi kukhona ukwehla kwenzuzo embonini yamatekisi ngenxa yokunqwabelana kwezimoto kule mboni. Kodwa lokhu akubavimbi abaholi bososeshini ekuqhubekeni nokufaka amalungu amasha ukusebenza kwawo okuqhubeka nokwehlisa inzuzo embonini.

Into ebonakala igqugquzela ukufakwa kwamalungu amasha kuba imali enkulu ekhokhwa abajoyinayo. Nakuba uhlelo lokukhipha ama-Operating Licences lubuye lubonakale lungasheshi njengoba befuna bona, kodwa lokho akuvimbi ukujoyiniswa kwabantu. Lokhu kuholela ekwandeni kwezimoto ezisebenza ngaphandle kwezimvume okuyinto elimaza umsebenzi kule mboni.

Ukudlelana imizila kubonakala njengenye yezinto ezihamba phambili ezingxabanweni nasodlameni embonini yokuthuthwa komphakathi, ikakhulukazi ematekisini, okudalwa umthamo omkhulu wezimoto kule mboni. Sekube nokulahleka kwemiphefumulo eminingi okungenasidingo kanye nokucekelwa phansi kwempahla ngenxa yaloku ngena ngokungemthetho emizileni.

Kunenye futhi inkinga yabadayisi bezimoto okuthi ngokufuna ukuchumisa ibhizinisi labo bese bethatha izindlela ezingalungile badayise ngaphandle kokulandela imigomo njengokuthi umthengi kumele abe nemvume yokusebenza esemthethweni.

Lokhu akunyusi kuphela isibalo sabasebenza ngokungekho emthethweni kodwa kubuye kuholele ekubhekaneni ngeziqu zamehlo nabezomthetho kungenasidingo.

Sonke siyakuqonda ukuthi kukhona omasipala abaningi kulesi fundazwe abangenawo amarenki asemthethweni. Lapho ekhona kokunye awaphathwa ngendlela ekahle uma kungukuthi kuyenzeka kwakona ukuthi anakekelwe. Lokhu akugcini ngokwandisa amarenki angekho emthethweni angahlangabezani nezidingo zale ngqalasizinda esemthethweni, kodwa kwenzinye izindawo lokhu sekuholele ekwakhiweni kwamarenki ezindaweni ezinabanikazi bazo njengama-shopping centre.

Ngenxa yalolu hlelo olusuke lungagunyaziwe, sekube nokungqubuzana okuningi okuholele ekulahlekeni kwezimpilo njengoba laba abasuke bengasakwazi ukungena kule ndawo beba ngabaphehli bochuku kumbe kube yibona abahlukunyezwa  yilabo abakwaziyo ukungena kulawo marenki.

Ukungakwazi ukubekezelela ukuncintisana kuhlale kuyinkinga kule mboni. Yize ukubhaliswa kwemizila kososeshini bekulindeleke ukuthi kwehlise, uma kungaqedanga nya, ukusebenza kososeshini abangaphezu kowodwa emzileni owodwa, bekungakaphumeleli kahle njengoba kusenososeshini abanomlando wokusebenza endaweni efanayo.

Lokhu kuholela odlameni sekubangwa ukuthi ngubani onemvume esemthethweni yokusebenza kule mizila. Ngenxa yalesi simo kwezinye izindawo abanikazi bamatekisi noma ososeshini bamatekisi bakwazi ukuba nezindawo ezingaphezulu kweyodwa abasukela kuzona. Abanye osomatekisi abakwazi-ke ukubekezelela into enjalo bese kusuka udweshu.

Kodwa futhi ukwanda kwezimoto ezincane ezibhalisa njengama-*meter taxi* sekubonakala kubamisa kabi abemboni yamatekisi angamakhubi.

Yize kanama-*meter taxi* asemthethweni ahambisanayo nemigomo ebekiwe, kunezinkomba zokuthi siyakhula isibalo sabasebenza ngaphandle kwemvume, ikakhulukazi emadolobheni afana neTheku, uMsunduzi noMhlathuze.

Ukusebenza kwamabhasi nako kuyayiletha inselelo yokuncintisana kwabamatekisi. Yize bevame ukubekezeleleka abamabhasi kodwa sekuke kwaba nemibiko yezigameko zodlame nokungabekezelelani ezindaweni ezithile. Okuvame ukugqama ngokuncintisana lapha kuba yimali yokugibela encane emabhasini kanye nezikhathi amabhasi ahamba ngazo.

Ngenxa yokuthuthukiswa kwengqalasizinda, izindawo ezintsha zokuhlala, kanye nezindawo ezintsha zamabhizinisi kugcina sekudingeka izithuthi zomphakathi kulezo zindawo. Ngenxa yalokhu, kudaleka imizila emisha engenasoseshini obhaliswe ngaphansi kwawo. Uma le mizila isiqala ukusebenza, abanikazi bamatekisi babe sebeqala belwela ilungelo lokuyisebenzisa kokunye baze baphule imigomo yokusebenza emizileni yabo esemthethweni noma kokunye bangene emizileni yabanye ososeshini.

NjengoHulumeni siyakuqaphela ukuthi abanye abanikazi bemboni bayehluleka ukubekezela mayelana nezinhlelo ezilandelwayo zokubhalisa ngokusemthethweni. Kuyiqiniso elingephikwe ukuthi ukulungiswa kohlelo lokulawula imboni ngokomthetho sekuthathe isikhathi eside kakhulu.

Kunenkinga futhi yokuthi okunye kwalolu hlelo obese kuphothuliwe, kutholakala kunamaphutha bese ukulungiswa kwawo nako kuthathe isikhathi eside ukuthi kuphothulwe.

Yize izinhlelo zokubhaliswa kososeshini, ukubhaliswa kabantu njengamalungu ososeshini kanye nokubhaliswa kwemizila kososeshini kwaqalwa ngesikhathi kuqala uhlelo lokwenza imboni yamatekisi ibe semthethweni, umNyango wezokuThutha namanje usalungisa amaphutha enzeke esikhathini esingaphambili.

Ngenxa yalezi zimo uthola sekunabanikazi bamatekisi abakhetha ukushaya indiva lezi zinhlelo bese benza izenzo eziphambene nokulawulwa kwemboni ngokomthetho. Lezi zenzo zihlanganisa ukusebenza ngaphandle kokubhalisa okusemthethweni bese benza imikhuba yokuchukuluza labo soseshini ababhalise ngokusemthethweni.

Uhlelo lokushintsha amaphemithi ama-*operating licence* alukakwazi ukushesha ngokwenele, lokhu okudalwa umsebenzi osujike wamuningi kakhulu. Lokhu kubanikazi matekisi kuvame ukubukeka sengathi uHulumeni uyehluleka bese kuholela ekutheni bazithathele umthetho ezandleni zabo. Kubalulekile-ke ukucacisa lapha ukuthi imboni yamatekisi nayo inesandla ekuhambeni kancane kwalolu hlelo lokushintsha izimvume.

Masikubeke futhi ukuthi ukungaqini kwesandla se-PTEU namanye amaphoyisa mayelana nama-*Operating Licence*, ngaphandle uma kukhona ukungqubuzana okukhona, sekuholele ekwandeni kwesibalo sosomatekisi abaphula umthetho bese behamba bepikla ngoba bazi ukuthi azikho izinyathelo ezinzima ezizothelwa bona.

Lokhu akugcini ngokwenza kungabi nokugcinwa komthetho kwezinye izindawo, kodwa sekuvule amathuba okusungulwa “kwamathimba okugcinwa komthetho” ngaphakathi kwemboni yamatekisi. Kwezinye izindawo sekube nokwanda konogada abaqashwe ngososeshini bamatekisi, abahlale behlome beyizingovolo ngezibhamu ezinkulu.

Ukubonakala kwalabo nogada nendlela abasebenza ngayo kuyaqhubeka nokuba inkinga njengoba beba nanesibindi sokuphonsela inselelo ngisho namaphoyisa ethu e-SAPS.

Kuyinto eyaziwayo ukuthi imboni yamatekisi yakhiwe ngabantu isikhathi esiningi abalungisa izinkinga zabo ngokusebenzisa udlame. Ukufakazela lokhu, kule mboni kuwumkhuba wakhona nje ukusetshenziswa kwezinkabi ukugudluza noma ukusabisa izimbangi noma izitha.

Kukhona abanye abaze baphumele obala bazishaye isifuba ngokuba sezimpini zamatekisi baze bazibize ngamaqhawe alezo zimpi.

Yikho phela lokhu okwenza abanye abangaphathi embonini basatshwe nokwenza bazenzele umathanda. Kuyishwa nje ukuthi izinhlelo zokuba isebenze ngaphansi komthetho imboni sekwayenza yaba yimboni ephila ngezinkabi – oshaya sibhamu.

Labo abasuke bengasasebenzi kuba lula ukuba babe ngabanikazi bezimoto kwabona, noma abashayeli noma o-*rank manager*. Abanye baba yigciwane elibi njalo embonini kokunye bagcine sebejikela okwakungabaqashi babo beseyizinkabi.

Sesikuqaphele futhi  ukuthi ukubandlululana ngobuhlanga sebuke baba nomthelela ezinkingeni zokungezwani embonini yamatekisi. Umbango ngokobuhlanga phakathi kosomatekisi maNdiya nabamnyama e-Copesville, eMgungundlovu kuke kwaholela esimweni lapho abagibeli bezithola sebesebenzisa izithuthi zomphakathi ezihlukene.

ESiphingo, ukushiswa kwezimoto zabanikazi abangamaNdiya kanye nokudliwa ngodli komsebenzi wabo lokho kuveza ngokusobala izinga lokungabekezelelani ngokobuhlanga nokuphazamisa ukusebenza ngaphakathi embonini.

Imibango edalwa imingcele isike yabikwa ezindaweni zase-South Coast lapho osomatekisi base-Eastern Cape naKwaZulu-Natal bebe nokungqubuzana okuholele ezigamekweni zodlame kwabekeka engcupheni ukuphepha komphakathi.

Kukhona nalokhu esikubiza ngokusebenza *underground* lapho osomatekisi ngokujwayelekile okuyibona abanezwi elizwakalayo nabasatshwayo ngaphakathi embonini kodwa asebasuka ekusebenzeleni ososeshini kodwa izimoto zabo zisasebenza zona.

Lokhu bakwenza ukuze bacashele izimbangi zabo ngoba babonakala beyingozi kuzona. Okusempeleni ukungabi khona kwabo kusho ukuthi impi isaqhubeka futhi yize bengekho kodwa banezwi ekusebenzeni kososeshini ngakho-ke baneqhaza okumele balibambe ekuxazululweni kwempi eyisizathu sokuphuma kwabo emsebenzini.

Kukhona namaphoyisa azuzayo ngokwezezimali embonini yamatekisi angenye yezinkinga esibhekene nazo ekubhekaneni nokulwa embonini yamatekisi. Yibona laba abenza umlilo ubhebhetheke esikhundleni sokuba basilekelele ukuwucisha.

Uma sinamaphoyisa abuye abe ngabanikazi bezimoto embonini, imizamo yokwenza uzinzo noma yokuguqula imboni iyakhinyabezeka njengoba la maphoyisa enza konke okusemandleni ukuthi avikele uhlangothi azuza kulona. Lokhu kuhlanganisa ukukhinyabezeka kokusebenza kwamaphoyisa asuke ehlose ukuqeda udlame ngaphakathi embonini

Ukugxambukela nokuzimbandakanya kosopolitiki njengabanikazi bamatekisi sekube nomthelela ongemuhle embonini. Kodwa njengemboni ehlale iba nezikhathi zokubhekana ngeziqu zamehlo noHulumeni ngenxa yokungalandelwa komthetho, kubalulekile ukuthi kube nomugqa ocacile phakathi komuntu osembonini nokuHulumeni bese siqinisekisa ukuthi akukho ukuxoveka kobuholi kulokhu. Lokhu kubalulekile ukuqinisekisa ukuthi imizamo kaHulumeni yokugcina umgomo wakhe ayiphazamiseki nangephutha.

Ukungena kosopolitiki kwenza ukuthi noma bengasenzi kahle abemboni bese bephikelela ngoba bazi ukuthi bazokwesekwa ngozakwabo abanezikhundla ngokwepolitiki ngisho noma ngabe labo sopolitiki abathinteki ngqo ekusebenzeni komgomo noma umthetho obhekene nezokuthuthwa komphakathi.

Izigameko zemibhikisho yokuphikisana nokwenyuka kwemali yokugibela ziholele ekubhekaneni ngeziqu zamehlo phakathi kwabemboni yamatekisi nemiphakathi abasebenza kuyona. Mhlambe kubalulekile ukucacisa lapha ukuthi imali yokugibela ayilawulwa uHulumeni kodwa abemboni, njengasemabhasini athola uxhaso. Imboni izilawulela yona amanani ngokubhekela mhlambe ukwenyuka kuka-*petrol* nezinye izimo zenhlalo nomnotho emphakathini.

Kodwa phela iqiniso lithi umsebenzi wamatekisi ungobaluleke kakhulu kwezokuthutha, okuhambisana nesibopho sikaHulumeni ngokomthethosisekelo sokuqinisekisa ukuthi abantu bayathutheka ukuze kwakhiwe umnotho.

Le nselelo yokubhekana ngeziqu zamehlo nomphakathi ikhombise ubucayi balesi simo, okuhlanganisa ukulahleka kwezimpilo zabantu okwenzeke ezingxenyeni ezithile zesifundazwe. Kuvezile futhi ukuthi kunesidingo sokuba kubandakanywe umphakathi ngokubanzi uma kuthathwa izinqumo ezithinta ikusasa layo.

**Izincomo**

Kulokhu esesikubekile, njengoHulumeni kukhona iziphakamiso esiqhamuke nazo esibona ukuthi ningabheka nakuzona ngenkathi nixoxa lapha. Lezi ziphakamiso yilezi ezilandelayo:

- Kunombono wokuthi zonke izinhlaka zikaHulumeni ezibambe iqhaza kwezokuthuthwa komphakathi zenze ngokuhlanganyela izinhlelo ezizoqinisekisa ukubhekana ngendlela efanele nezingxabano eziqhubeka kwezokuthuthwa komphakathi.

- Kunombono wokuthi amaphoyisa asiqinise isandla ekubopheleni ama-Operating Licence uma kubonakala kuyindlela yokubhekana nodlame nokunqanda ukulahleka kwezimpilo zabantu.

- Omunye umbono owokuthi lezo zindawo ezaziwa ngokuba yinkinga ngenxa yokungaqini kwesandla somthetho, ngemuva kokungenelela komNyango wezokuThutha, zithathwe njengezibekwe phambili ezingeni lesifundazwe bese zibhekwa ngelokhozi kanjalo.

- Okunye ukuthi i-Provincial Taxi Task Team Unit ye-SAPS ibuyiswe ngokusemthethweni bese icijwa kahle yikhona izobhekana nalezi zinkinga ngokukhulu ukushesha.

- Omunye umbono owokuthi amaphoyisa aneqhaza nenzuzo kwezezimali embonini yokuthuthwa komphakathi agqugquzelwe ukuthi akudalulule lokho yikhona kuzokwazeka lapho kunamacala asetshenzwayo

okungaphazamiseka uphenyo ngokubakhona kwalawo maphoyisa. Labo ababandakanyeka ezimpini zamatekisi kumele baphenywe bese beqondiswa izigwegwe.

- Kunombono wokuthi oMasipala baziswe ngokubaluleka kokuqinisekisa ukuthi indaba yezokuthuthwa komphakathi ayishiywa ngaphandle ezinhlelweni zabo njengoba ezokuthutha umphakathi zingumsebenzi kahulumeni futhi zibalulekile ekubuseni nasekuzinzeni kwanoma yimuphi umasipala kanjalo nesifundazwe.
- Okunye futhi ukunqindwa kwamandla abadayisi bezimoto abaphula umthetho ngokukhipha izimoto ezingenazimvume ukuthi zisebenze bezikhiphela abanikazi bamatekisi.
- Omunye umbono owokuthi amaphoyisa abhekene nodlame lwemboni nokunye okuthintene nayo anikwe igunya lokusebenza ngaphandle kokunqindwa amandla okungena ezindaweni ezithile.
- Okunye ukuthi uMnyango wezoBulungiswa uwabeke phambili amacala amatekisi ngendlela efanayo namanye amacala abucayi.
- Okunye ukuthi izinhlaka ezihola imiphakathi, kuhlanganisa nohulumeni wasekhaya, babe nokuhlangana nabanikazi bamatekisi ezindaweni zabo ngenhloso yokukhuthaza ubudlelwano kanye nokuqinisekisa ukwabelana ngolwazi olubalulekile.

Sengiphetha, bafowethu nodadewethu, ngicela ukuthatha leli thuba ngidlulise ukubonga kwami ikakhulukazi kunina nonke enizobamba iqhaza kule ngqungquthela ngokuthi nethule imibono yenu kanye nezixazululo.

Kubalulekile ukuthi iziphakamiso nezixazululo ezizophuma kulo mhlangano angeke zigcine lapha kodwa zizosetshenziswa khona maduze nje ukusiza le mboni.

**Ngiyabonga!**